


# NALIBALI

## Stories at home

Reading and telling stories can be two of the most satisfying activities for children, especially if they are stuck inside to keep safe, or because it is raining or they are sick. The magic of books and stories will let them go on adventures and visit different places without leaving home.

Reading to our children shows them that reading can be enjoyable and entertaining. This motivates them to read more and more. And this is how they develop a lifelong relationship with books and reading!



### PLAY WITH STORIES

- Helping children understand how stories work, can be fun. When they act out a story in their own way, they deepen their understanding of it. Here are some ideas for playing with stories.
  - After reading or listening to a story, encourage your children to act it out. Let them choose which character they want to be. Then help them find hats, jackets and other clothes to dress up as the characters. Find ways to create different story props, for example, place chairs one behind the other, like seats on a bus or taxi. Let the children use their own words to act out the story.
  - With your children, listen to an audio story from the "Story resources" section of the Nalibali's website ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)). Let your children listen carefully to how the actors use their voices to show their feelings.

### DLALA NGEZINDABA

- Ukusiza izingane ukuba ziqondisise ukuthi izindaba zisebenza kanjani, kungathokozisa. Uma zilingisa indaba ngendlela yazo, zifulisa ukuyiqondisisa kwazo. Nawa amanye amacebo okudlala ngezindaba.
  - Ngemuva kokufunda noma kokulalela indaba, khuthaza izingane zakho ukuthi ziyingise indaba. Mazizikhethelo ukuthi yibaphi abalingiswa ezifuna ukuba yabo. Emva kwalokho zisize ukuthi zithole izigqoko, amabhantshi kanye neziyene izimpahla zokugqoka ukuze ziqoke njengabalingiswa labo. Yenza izindlela zokwakha izinto zokudlala indaba, ukwenza isibonelo, beka izihlalo esinye ngemuva kwesinye, njengezihlalo ebhasini noma etekisini. Izingane mazisebenzise amazwi azo ukulingisa indaba.
  - Unezingane zakho, lalelani indaba elalelwayo ephuma engosini ethi "Story resources" kusizindalwazi sakwaNalibali ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)). Izingane zakho mazilalele ngokucophelela indlela abalingisi abasebenzisa ngayo amazwi abo ukukhombisa imizwa yabo.

### CREATE STORIES

- Let your children create stories by changing a story they know, in one of these ways.
  - Let them make up a different ending for their favourite story.
  - Ask them to add a new character or event to a story. The character or event should fit in with the rest of the story.
  - They can also use the characters from a story to create a new story of their own.


### SUNGULAIZINDABA

- Izingane mazisungule izindaba ngokuguqla indaba eziyaziyo, ngeyodwa yalezi zindlela.
  - Mazizakhele isipheto esehlukile sendaba yazo eziyithandayo.
  - Zicelle zengeze umlingiswa omusha noma isigigaba esisha endaben. Umlingiswa noma isigigaba kufanele singene khaxa endaben yonkana.
  - Zingaphinda zisebenzise abalingiswa abaphuma endaben ukusungula indaba entsha okungeyazo.

### Draw, write, tell

When children are able to do the following things after reading a story, it shows that they have understood what they read.

- They are able to draw a picture about something that happened in the story.
- They can write something that is linked to the story, such as a poem, a letter or a diary entry.
- They can retell the story using their own words.



### Dweba, bhala, xoxa

Lapho izingane sezikwazi ukwenza lezi zinto ngemuva kokufunda indaba, lokho kukhombisa ukuthi zikuqondisile ebezifunda.

- Ziyakwazi ukudweba isithombe ngento ethile eyenzekile endaben.
- Zingabhalo okuthile okuxhumene nendaba, njengenkondlo, incwajana noma umbhalo wedayari.
- Zingaxoxa kabusha indaba zisebenzisa amazwi azo.



Drive your imagination



IT STARTS WITH  
A STORY  
KUQALA  
NGENDABA  
EXOXWAYO.

## Get creative!

When your children's school or preschool is closed, do you sometimes wonder how to keep your children learning while they have fun? Don't worry – this is a great opportunity to grow the culture of reading and writing in your home!

But what happens if you run out of stories to read? Well, we all have lots of our own stories to tell. And because stories are best when they are shared, a story that is written together with others is a great way to share a story! Follow the steps below to create a story with your children.

1. Together, make a list of what the story could be about. Get ideas from pictures, poems, stories you have read or something that has happened to you.
2. Choose one idea to use for your story.
3. Talk about the characters you will have in your story. Stories usually have a few characters, but there is always a main character. The main character could be:
  - ★ a special or an ordinary person
  - ★ young or old
  - ★ male or female
  - ★ a human, an animal or a make-believe character, like an alien or a dragon.



## Veza ubuciko bakho!



Uma ngabe isikole noma inkulisa yezingane zakho ivaliwe, ngabe uke ungazi ukuthi uzigcina kanjani izingane zakho zifunda zibe zithokoza futhi? Ungakhathazeki – leli yithuba elihle kakhulu lokutshala isiko lokufunda nokubhala ekhaya lakho!

Kodwa-ke kwenzekani uma ngabe uphelelwa yizindaba ongazifunda? Cha phela sonke sinezindaba zethu eziningi esingazixoxa. Futhi-ke ngenxa yokuthi izindaba zinhle kakhulu uma kwabelwana ngazo, indaba ebalwe ngokuhlanganyela nabanye iyindlela enhle yokwabelana ngendaba! Landela izinyathelo ezingezansi ukusungula indaba nezingane zakho.

1. Ngokuhlanganyela, yenzani uhlu lwezinto indaba engaba mayelana nazo. Tholani imibono ezithombeni, izinkondlo, izindaba enike nazifunda noma okuthile okunehleleyo.
2. Khethani umbono owodwa enizowusebenzisa endaben yenu.
3. Khulumani ngabalingiswa enizoba nabo endaben yenu. Izindaba zivamise ukuba nabalingiswa abambalwa, kodwa kuhlala kunomlingiswa oqavile. Umlingiswa osemqoka kungaba:
  - ★ umuntu okhethekile noma ojwayelekile
  - ★ omncane noma omdala
  - ★ owesilisa noma owesifazane
  - ★ umuntu, isilwane noma umlingiswa owakhiwe nje okholakalayo, njengesilwane esingajwayelekile noma idragon.



4. Decide how your story begins and then what happens next. All stories need a beginning, a middle and an ending. Include things in your story that would make it interesting to read or listen to.
5. Use interesting language to describe what the characters see, hear, smell, taste and touch.
6. Your story needs a series of steps that build up to a big surprise or discovery. This is the part of the story that makes a reader or listener think, "Wow!"
7. After this, you need to find a way for your story to end well. Good stories have satisfying endings!
8. Once you are happy with your story, give it a title.
9. Have fun telling your story or turn your story into a book by writing down the words and drawing pictures. For help with making your own storybook, download Edition 161 from the "Story resources" section of our website ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)).
4. Nqumani ukuthi indaba yenu izoqala kanjani bese emva kwalokho kwenzekani. Zonke izindaba zidinga isingeniso, umzimba kanye nesiphetho. Endaben yakho faka izinto ezizokwenza ukuthi ithakaseleke ukuyifunda noma ukuyilalela.
5. Sebenzisa ulimi olumnandi ukuchaza izinto abalingiswa abazibonayo, abazizwayo, abazihogelayo, abazinambithayo nabazithintayo.
6. Indaba yenu idinga uchungechunge lwezinyathelo ezikhula zize ziyoba yisimanga noma imfihlo enkulu. Lena yingxene yendaba eyenza umfundu noma umlaleli acabange ukuthi, "Kwaze kwamangalis!"
7. Ngemuva kwalokhu, nidinga ukuthola indlela yokuphetha indaba yenu kahle. Izindaba ezinhle zineziphetho ezanelisayo!
8. Uma senithokozile ngendaba yenu, iniken iishlolo.
9. Kujabuleleni ukuxoxa indaba yenu noma ukuyiguqula ibe yincwadi ngokubhala phansi amagama nokudweba izithombe. Ukuthola usizo ngokwenza incwadi yenu yezindaba, khiphani UShicilelo 161 engosini ethi "Story resources" kusizindalwazi sethu ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)).



Drive your imagination

## Start a reading club at home

Nal'ibali has lots of resources and advice to help you bring stories and reading to life in your home.

- ✓ **Advice:** To help you get going, go to the "Story sharing" section of our website ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)). Click on the "How to guides" and scroll down to "Story power guides". Download the guide called, *Helping children read and write at home*. This guide is available in all 11 official South African languages. It is filled with ideas for sharing books and stories, getting your children writing and starting a reading club at home. For more tips and guidance on reading and writing with children of different ages, also have a look at our other "How to guides".
- ✓ **Story resources:** Enjoy hundreds of free downloadable stories in all 11 official South African languages. There are multilingual stories, rhymes and story cards in the "Story resources" section of our website ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)). You can also use the "Story seeds" in this section to inspire your children to create their own stories!

✓ **Audio stories:** Our audio stories are excellent for children to listen to when you are busy with something else. Listening to stories expands children's imaginations and helps them to experience stories that they may not yet be able to read on their own. You can find audio stories in the "Story resources" section of our website.

✓ **Activities:** Let your children have fun while they practise and develop their reading and writing skills. Download and print our free tip sheets and activity sheets from the "Story sharing" section of our website.



## Qala ithimba lokufunda ekhaya


UNal'ibali unezinsiza nezeluleko eziningi ukukusiza ukwenza izindaba nokufunda kuphile ekhaya lakho.


- ✓ **Iseluleko:** Ukukusiza ukuthi uqhubeke, vakashela ingxenye ethi "Story sharing" yesizindalwazi sethu ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)). Chofoza lapho okuthi "How to guides" bese wehla njalo uye engxenye ethi "Story power guides". Khipha umkhombandlela obizwa ngokuthi, *Umkhombandlela wokusiza izingane ukufunda nokubhala emakhaya*. Lo mkhombandlela uyatholakala ngazo zonke izilimi eziyi-11 ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ugcwele amacebo okwabelana ngezincwadi kanye nezindaba, ukwenza izingane zakho zibhale kanye nokuqala ithimba lokufunda ekhaya. Ukuthola amacebiso engeziwe kanye nomkhombandlela ngokufunda nokubhala nezingane zeminyaka yobudala ehlukene, bheka futhi amanye ama-"How to guides".

✓ **Izingosi zendaba:** Thokozela amakhulu ngamakhulu ezindaba zamahhala ezikhiphekayo ngezilimi zonke eziyi-11 ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Kukhona izindaba ezibuliminingi, imilolozelo kanye namakhadi ezindaba engxenye ethi "Story resources" yesizindalwazi sethu ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)). Ungaphinda usebenzise i-"Story seeds" kule ngxenye ukufakela izingane zakho ugqozi lokusungula ezazo izindaba!

✓ **Izindaba ezilalelwayo:** Izindaba zethu ezilalelwayo zinhle kakhulu ukulalelwa yizingane ngenkathi umatasatasa ngokunye. Ukulalela izindaba kunweba ukucabanga kwezingane futhi kuzisiza ukuthi zizwe nezindaba ezingakawazi ukuzifundela zona ngokwazo. Ungazithola izindaba ezilalelwayo engxenye ethi "Story resources" kusizindalwazi sethu.

✓ **Imisebenzi:** Izingane zakho mazijabule ngesikhathi zizejwayeza futhi zithuthukisa amakhono azo okufunda nokubhala. Khipha bese ugaya amakhasi ethu amacebiso amahhala kanye namakhasi emisebenzi okuphuma engxenye ethi "Story sharing" kusizindalwazi sethu.





### Dear Nal'ibali

Earlier this year, when schools were closed because of the coronavirus, I was worried about how to keep my two children from getting bored. I went on the Nal'ibali website and found lots of ideas, so I decided to make a reading corner in our house. I put some colourful cushions in a corner of the lounge. Then I put some magazines, books and story cards that I printed from your website in the corner too. I went there to read a few times and was very happy to see my children reading there too! They love the reading corner so much that it has become a permanent feature in our home. Thank you, Nal'ibali!

Bongi Dlamini, Welkom

### Dear Bongi

It is wonderful to hear that you have made a place for books and stories in your home. There is really nothing better than for families to read together!

The Nal'ibali Team



### Nal'ibali othandekayo

Phambilini nonyaka, ngesikhathi izikole zivaliwe ngenxa yegciwane leKhorona bengikhathazekile ngokuthi ngizozigcina kanjani izingane zami ezimbili zingenasizungu. Ngize ngaya kusizindalwazi sikaNal'ibali ngathola amacebo amanangi, ngakho nginqume ukwenza ikhona lokufunda endlini yethu. Ngibeke amakhushini anemibala egqamile ekhoneni legumbi lokuphumula. Emva kwalokho ngabeka amaphephabuku athile, izincwadi kanye namakhadi okufunda engiwagaye ngiwakhipha kusizindalwazi senu ngakubeka nakho ekhoneni. Ngiye lapho ukuze ngifunde izikhathi ezimbalwa ngase njabula kakhulu ukubona izingane nazo zifunda khona lapho! Zilithanda kakhulu ikhona lokufunda kangangokuba seliphenduke isikhundla esingaphazamiseki ekhaya lethu. Ngiyabonga, Nal'ibali!

NguBongi Dlamini, eWelkom

### Bongi othandekayo

Kuyathokozisa ukuzwa ukuthi usuwenza indawo yezincwadi kanye nezindaba ekhaya lakho. Ayiko ngempela into engcono kunokuthi iminden i funde ndawonye!

Ithimba LikaNal'ibali



### Create TWO cut-out-and-keep books

#### I found a puppy!

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

#### Goldilocks and the three rhinos

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



# Dear Nal'ibali ... Nal'ibali othandekayo ...



### WRITE TO US!

SIBHALE!

**The Nal'ibali Supplement**

**The Nal'ibali Trust**

**Suite 17-201, Building 17**

**Waverley Business Park**

**Wyeckroft Road**

**Mowbray**

**7700**

**info@nalibali.org**



### Dear Nal'ibali

Here is my review of *What's at the park?* (in Edition 164) by David Mann and Jess Jardim-Wedepohl.

The story is about a little girl called Zoey, who loves going to the park with her grandmother. Zoey is able to see many things at the park, while her granny is able to hear many things. The author wrote, "Granny needs glasses to see. But she can hear very well." While they are at the park Granny hears a loud sound and Zoey tells her it is a dog. The dog is dirty and smelly. The dog follows them to their house, and Zoey washed it.

This story is similar to the one called *Dog* (in Edition 161) that tells us how dogs started living with humans. The book is a good book because it teaches us to help each other and love one another.

Palesa Banda



### Nal'ibali othandekayo

Nakhu ukuhlaziya kwami indaba ethi *Yini esepaki?* (KuShicilelo 164) ebhalwe nguDavid Mann no Jess Jardim-Wedepohl.

Indaba imayelana nentombazanyana okuthiya nguZoey, ozifelayo ngokuya epaki noninakhulu. UZoey ukwazi ukubona izinto eziningi epaki, kanti uninakhulu ukwazi ukuzwa izinto eziningi. Umbhalo wabhalo wathi, "UGogo udinga izibuko ukuze abone. Kodwa ukwazi ukuzwa kahle kakhulu." Ngesikhathi besepaki uGogo uzwa umsindo omkhulu bese uZoey emtshela ukuthi leyo yinja. Inja ingcolile futhi iyanuka. Inja iyabalandela sebeya ekhaya labo, uZoey bese uyayigeza.

Le ndaba ifuze lena ebizwa ngokuthi *UNja* (KuShicilelo 161) esixoxela ngokuthi zaqala kanjani izinja ukuhlala nabantu. Lena yincwadi enhle ngoba isifundisa ukuthi sisizane futhi sihandane.

NguPalesa Banda



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhipe bese uzigcina

#### Ngithole umdlwane!

1. Dabula ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.

#### UNwelezegolide nobhejane abathathu

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nelesi-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa amaphepha abe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Asonge abe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.



Drive your  
imagination


Umphede osendimeni njé nomphede omncane,  
kunemibhede emithathu: umphede Omkhuju,  
UNwelezegolide walunguzza kwelinye igumbi. Kwabe



Goldilocks peeped into the next room. There  
were three beds: a big bed, a medium-sized  
bed, and a little bed.

"Maye! Manje ngisienkingsen! Kungeo no nglindile  
ozofika. Beso ngimtshele ukuthi ngiyaxolisa ngokwephula  
isihalo esimane," washo UNwelezegolide.

Kodwa... FAHLA! DINSI!! Isihalo sephuka izicucu.



"Oh, oh! Now I'm in trouble! I'd better wait for someone  
to come home. Then I can tell them I'm sorry I broke the  
little chair," said Goldilocks.

But... CRACK CRASH!!! The chair broke into pieces.



**JACANA**

We publish what we like

This is an adapted version of *Goldilocks and the three rhinos* published by Jacana Media and available in bookstores and online from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is available in English, Afrikaans, isiXhosa and isiZulu. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Lolu wushicilelo oluguquliwe lwencwadi ethi, *UNwelezegolide nobhejane abathathu* eshicilelwé ngabakwa Jacana Media netholakalayo ezitolo zezincwadi nakusizindlwazi ku-[www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba iyatholakala ngesiNgisi, isiBhunu, isiXhosa nangesiZulu. Abakwa Jacana bashicilela izincwadi zabafundi abayizingane ngazo zonke izilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola kabanzi mayelana nezihloko zezincwadi zakwa Jacana vakashela ku-[www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (World rights) Tel: 011 628 3200

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)





Drive your imagination

# Goldilocks and the three rhinos

## *UNwelezegolide nobhejane abathathu*



Joan Rankin  
Ndabayakhe William Zulu



Once upon a time three rhinos lived in a house in the forest. The small rhino was called Baby Rhino. The medium-sized rhino was called Mama Rhino and the big rhino was called Daddy Rhino.




Kwesukesukela obhejane abathathu ababehlala endlwaneni ehlahini. Ubhejane omncane wawubizwa ngoMntwana Bhejane. Ubhejane osendimeni njé wawubizwa ngoMama Bhejane kuthi ubhejane omkhulu abizwe ngoBaba Bhejane.

Then Mama Rhino and Daddy Rhino shared their porridge with Baby Rhino and they never saw Goldilocks ever again!



UMama Bhejane noBaba Bhejane baphakela uMntwana Bhejane idokwe labo, kanti abaphindanga bambone uNwelezegolide!

ezunywa ubutuongol  
„Ukahle impele,” kuzamula uNwelezegeolide  
Wabe eselala embhedeni omncane oware ukahle impele.



“Just right,” yawned Goldilocks and she fell fast asleep!  
So she lay down on the little bed and it was just right.



She climbed out the window. And then, without even saying sorry... she raced out of the house and all the way home.

Waphuma ngefasitela.  
Ngaphandle kokuthi axolise... wabaleka ephuma endlini eqonde ekhaya.



“Siqime kakhuu! washo.  
esikhulu sasingalungile.  
uNwelezegeolide ehlaa kuso. Kodwa isihlalo  
Tingabe ngesikabani lesi sihlahlo esikhulu,” kucabanga

“Too hard!” she said.

“I wonder whose big chair this is,” thought Goldilocks,  
sitting down. But the big chair was no good.

One day, Baby Rhino woke up very hungry. Their porridge was still too hot to eat. “Let’s go for a walk in the forest while it cools,” said Mama Rhino.



Ngelinye ilanga, uMntwana Bhejane wavuka elambile. Idokwe likaMama Bhejane lalisashisa kakhulu lingadleki. “Ake sihambahambe ehlathini ngenkathi liphola,” kusho uMama Bhejane.



nesihalo esimcane.

isihalo esisendimeni nje,

ezintathu: isihalo esikhulu,

UNwlezegegolide wabona izihalo

and a little chair.

medium-sized chair,

chairs: a big chair, a

Goldilocks saw three



ukuthola umyango uvilive.

Lapho obhejane abathathu behika ekhaya, bamanagala

to find the door open.

When the three rhinos came home, they were surprised

While the three rhinos were out walking, a little girl came to the house. Her name was Goldilocks and she was NOT supposed to be in the forest alone, but Goldilocks didn't always do as she was told.



Ngenkathi  
bobathathu obhejane  
besahambile, kwafika  
intombazanyana  
endlini. Igama layo  
kwakunguNwelezegolide  
OKWAKUNGAFANELE abe sehlathini  
yedwa, kodwa uNwelezegolide  
wayengakwenzi njalo lokho akutsheliwe.


“Someone’s been sleeping on my bed

and HERE

SHE

IS!”

wailed Baby Rhino in his small,  
little voice.





“Kukhona okade elele embhedeni  
wami,

futhi

**NANGU!**

kuklabalasa uMntwana Bhejane  
ngezwana lakhe elincane.



This wordless picture book can be used to create many different stories in any language you know.



Le ncwadi yezithombe engenamagama ingasetshenziswa ukusungula izindaba eziningi ezahlukene kunoma yiluphi ulimi olwaziyo.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)







Drive your imagination

## I found a puppy! Ngithole umdlwane!



Jude Daly  
Alzette Prins



"Ngubani obedla idokwe lami waze  
waliqeda!" kubabala  
"Muntwana ubhejane  
ngezwi elincane.

Rhino in his small, little voice.  
EATEN IT ALL UP!" wailed Baby  
"Who's been eating my porridge and


"NGUBANI OBEDELA IDOKWE LAMI?" kumemeza  
"Mama Bhejane ngezwi elisendimeni nje.

"NGUBANI OBEDELA IDOKWE LAMI" kubhonga  
uba da Bhejane ngezwi elikhulu kakhulu.

Mama Rhino in her  
medium-sized voice.

"WHO'S BEEN EATING  
MY PORRIDGE?" shouted

"WHO'S BEEN EATING MY  
PORRIDGE?" roared Daddy  
Rhino in his great, big voice.



The three rhinos looked into their bedroom.

"WHO'S BEEN SLEEPING ON MY BED?" roared  
Daddy Rhino in his great, big voice.

"WHO'S BEEN SLEEPING ON MY BED?" shouted  
Mama Rhino in her medium-sized voice.



Bobathathu obhejane balunguza egunjini labo lokulala.

"NGUBANI OBELELE EMBHEDENI WAMI?"  
kubhonga uBaba Bhejane ngezwi elikhulu kakhulu.

"NGUBANI OBELELE EMBHEDENI WAMI?" kumemeza  
uMama Bhejane ngezwi lakhe elisendimeni nje.

"Owu, Owu!" kucabanga  
uNwelezegolide.  
"Kungcono ngejilinde  
ozofika basee ngimtshele  
ukuthi bengilambé  
kanjani."

"Oh, oh!" thought  
Goldilocks. "I'd better  
wait for someone to  
come home. Then I can  
tell them how hungry  
I was."




"I'm hungry," thought Goldilocks, and she knocked on the door. No one answered so she pushed the door open.

She saw three bowls of porridge steaming on the table: a big bowl, a medium-sized bowl, and a little bowl.

"Ngilambile," kucabanga uNwelezegolide, wase engqongqotha emnyango. Akuphendulanga muntu ngakho-ke wavula umnyango.



Wabona izitsha ezintathu  
zedokwe elishisayo  
etafuleni: isitsha esikhulu  
isitsha esisendimeni nje,  
nesitsha esincane.



"Likalhe," kusho uNwelezegolide elidla lonke.

Kodwa idokwe elisesitsheni esincane lalikahle.

"Just right," said Goldilocks and she ate the whole lot.

But the porridge in the little bowl was just right.

"I'll just have a little taste," said Goldilocks to herself.

Ugh! The porridge in the big bowl was too stiff.

"Ngizokuzwa kancane nje,"  
kusho uNwelezegolide  
ekhuluma yedwa.

Hhay! Idokwe  
elisesitsheni esikhulu  
laliqine kakhulu.



Ugh! The porridge in the  
medium-sized bowl was  
too runny.

Hhay! Idokwe elisesitsheni  
esisendimeni nje labe  
limanzi kakhulu.

kumemenza uMama Bhejane ngezwi lakhe elisendimeni nje.  
"NGUBANI OBEHLEZI ESIHLAL WENI SAMI?"

kubhongga Ubaba Bhejane ngezwi elikhulu kakhulu.  
"NGUBANI OBEHLEZI ESIHLAL WENI SAMI?"

Ubaba Bhejane wabe esebona izihalo ezintathu.



Mama Rhino in her medium-sized voice.  
"WHO'S BEEN SITTING ON MY CHAIR?" shouted

Rhino in his great, big voice.  
"WHO'S BEEN SITTING ON MY CHAIR?" roared Daddy

Then Daddy Rhino noticed the three chairs.

"Who's been sitting on my chair and BROKEN IT!"  
wailed Baby Rhino in his small, little voice.



"Ngubani obehlezi esihlalweni sami waze WASEPHULA!"  
kunswininiza uMntwana uBhejane ngezwana  
lakhe elincane.

## Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *Goldilocks and the three rhinos* (pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12), *I found a puppy!* (pages 9 and 10) and *Kalahari concert* (page 14).

### Goldilocks and the three rhinos

Look at these pictures from *Goldilocks and the three rhinos*. Number the pictures so that they match the order in which things happen in the story. Now use the pictures to retell the story.

















### I found a puppy!

- ★ Use the pictures in this book to tell your own story.
- ★ Add a new ending to the story by drawing a picture.
- ★ Write a dialogue for the story. Give each character a name and write down what they say.



### Ngithole umdlwane!

- ★ Sebenzisa izithombe ezikule ncwadi ukuxoxa eyakho indaba.
- ★ Yongeza isiphetho esisha endabeni ngokudweba isithombe.
- ★ Bhala inkulomo-mpendulwano yendaba. Nikeza umlingiswa ngamunye igama bese ubhala lokho abakushoyo.

### Kalahari concert

- ★ Make an animal mask. Use a paper plate or piece of cardboard as well as fabric, wool, string, glue, paint, crayons and any other materials to make a mask of one of the animals in the story. When you have drawn and decorated the animal's face, cut holes in the mask for you to look through. Tie some string or wool to the sides of the mask. Then tie the strings around your head to hold the mask in place. Use your mask to act out the story.
- ★ Draw a picture of your favourite animal from the story. Can you write about why this animal is your favourite?



### Ikhonsathi laseKalahari

- ★ Yenza isifihlabuso esinomfanekiso wesilwane. Sebenzisa ipuleti lephepha noma isiqephu sekhadibhodi kanye nendwangu, iwuli, intambo, isinamathelisi, upende, amakhirayoni kanye nanoma yiziphi ezinye izinto zokwenza isifihlabuso sesinye sezilwane ezsindabeni. Uma usudwebile futhi wahlobisa ubuso besilwane, sika izimbobo kusifihlabuso ukuze ukwazi ukubona kuso. Bophela intambo noma iwuli ezinhlangothini zesifihlabuso. Emva kwalokho bese ubopha izintambo ngemuva kwekhandla lakho ukuze isifihlabuso usigcine endaweni efanele. Sebenzisa isifihlabuso sakho ukulingisa indaba.
- ★ Dweba isithombe sesilwane osithandayo esisendabeni. Ungakwazi yini ukubhala ukuthi usithandelani lesi silwane?



Drive your imagination



# Kalahari concert

By Jenny Robson ■ Illustrations by Vian Oelofsen



It had been a long dry season. The sun beat down day after day. Not a cloud drifted in the pale sky. And the waterhole had shrunk smaller and smaller, until it was just a patch of dried mud.


"This is awful!" said Gorata Giraffe bending her long neck.

"We are so thirsty," wailed Itseng Impala. All her cousins nodded their tiny horns.

"And we're hot and cross!" added Kgosi Kudu. All his cousins nodded their long curly horns.

"What a disaster!" shouted Moses Monkey. But his monkey friends were too busy arguing and fighting to hear him.

Rosie Rhino stayed quiet. She stood beside a thorn-tree. But the thorn-tree was thin. It had no leaves. So there was no shade for her enormous body.



Wise Mama Elephant looked at all the sad faces. She felt very sad for the animals. She knew it was still many, many weeks before the first rains would fall. How could she cheer them up? That's when she had a wise idea.

"A concert!" announced Mama Elephant. "Yes, we will hold a Kalahari concert!"

The mood changed at once. Everyone forgot about being hot and thirsty. They were too busy planning their acts for the concert.

"The impalas will put on a play," said Itseng. "It will be about family – about how lovely it is to have lots of cousins and aunts and uncles!"

"Moses and I will do an acrobatic show," said Gorata. "Moses can do amazing tricks climbing up my neck and sliding down again."

The other monkeys wanted to tell jokes. There were arguments while they decided who their best joke-teller was.

Mama Elephant trumpeted above the noisy monkeys, "My sister and I will play some music with our trunks. And you, Rosie? What will you do in our Kalahari concert?"

Beside the thorn-tree, Rosie felt shy. There was only one thing she wanted to do, only one thing she dreamed of.

"Ballet," she answered softly. "Ballet-dancing!"

"Ballet?" echoed everyone.

The monkeys fell about laughing, holding their tummies, their long tails twitching this way and that. "Ballet? A great big lump like that and she wants to be a ballerina! That will be the best joke of the night!" said the cheekiest monkey.

But Mama Elephant paid no attention to them. "Off you go, everyone," she said. "You all need to go and practise. Our concert will start at sundown."

Rosie went to her secret place behind the granite rocks. She knew tonight she would amaze everyone. She was going to perform a ballet step called a *jeté*. But a *jeté* was

difficult! She had to take a short run and then leap high in the air, as high as she could. She had to leap as if her body were light as a feather. And then she had to land on her front feet, gently and gracefully.

All afternoon, Rosie practised. By the time the rocks turned red from the setting sun, she knew her *jeté* was perfect. Yes, the animals would be amazed! They would never laugh at her again!

As the first stars appeared, the animals gathered on the plain.

Bad-tempered Baboon was the announcer because his voice was the loudest. "Ladies and gentlemen, here is the first act of our show: Mama and Sisi Elephant playing a kwaito number on their trunks."

The animal audience clapped and cheered. Then they fell silent as the elephant sisters began their powerful music. It wasn't long before everyone was moving to the music and when the song finished, there was more clapping and cheering.

"Next, some monkey jokes," boomed Bad-tempered Baboon.

Some of the monkey jokes were funny, some of them were not. And some of them were just confusing. Still, the animals clapped and cheered for the monkeys.


The animals were feeling better now. They had forgotten about being hot and thirsty. They were waiting for Rosie to do her ballet. That would surely be the funniest sight ever!

At last, after the Impala family's play and the acrobatics from Gorata and Moses, Bad-tempered Baboon announced, "And now, the final act of our Kalahari concert – our very own ballerina, Rosie Rhino!"

Onto the stage stepped Rosie. She had wildflowers tucked behind her ears. She had some pink material, that sort of looked like a skirt, tied around her large tummy.

"Go, Rosie, go!" the audience yelled. The monkeys were falling about, laughing again.

Rosie didn't care – her dream was coming true. To prepare for her *jeté*, she took a short run and launched herself into the air as high as she could. For a brief moment, she felt as if she were flying, light as a feather. Then down she came, not gently or gracefully, but with a massive, enormous, crashing *THUMP!* The ground shook like an earthquake.



Everyone stopped laughing.

In silence, they stared at the spot where Rosie had landed. There was a huge hole now. And then ... then, the most wonderful, most glorious, most amazing thing happened. Out of the hole gushed a fountain of water – clean, sparkling, fresh underground water!

The animals rushed forwards, feeling the coolness on their skins, drinking down great gulps of water.

"Thank you, Rosie!" they shouted in between mouthfuls. "You are the best, most wonderful, most amazing ballerina ever!"

And not one of them even thought about laughing!



Drive your imagination




# Ikhonsathi laseKalahari

NguJenny Robson ■ Imidwebo nguVian Oelofsen

Ikhona  
lezindaba

Kwakukade kuyinkathi yonyaka ende enesomiso. Ilanga lalishisa umhlaba usuku nosuku. Kwakungekho nafu elintantayo laphaya esibhakabhakeni esiphuphileyo. Kanti umthombo wamanzi wawusunciphe kancane, kancane, waze waba yibalana nje lodaka olomile. "Lokhu kuyethusa!" kusho uGorata Ndulamithi egobisa intamo ende. "Sesifile ukoma," kukhala u-Itseng Mpala. Bonke abazala bakhe banqekuzisa izimponjwana zabo ezincane. "Kanti sishisa nje futhi sithukuthele!" kwengeza uKgosi Mgankla. Bonke abazala *bakhe* banqekuzi izimpondo zabo ezisontene. "Yinhlekelle enku lu le!" kubabaza uMoses Nkawu. Kodwa abangani bakhe abayizinkawu babematasaka kakhulu beqophisana futhi belwela ukumuzwa ukuthi uthini. URosie Bhejane wahlala wathula cwaka. Wayemile eduze kwesihlahla esinameva. Kodwa isihlahla sameva sasinesiqu esizacile. Sasingenamacembe. Ngakho kwakungenamthunzi ongenela umzimba wakhe omkhulu.



UMama Ndlovu ohlakaniphile wabubuka bonke lobu buso obabudangele. Wayezidabuka kakhulu lezi zilwane. Wayazi ukuthi kusasele amasono ngamasono amanigi ngaphambi kokuthi kune izimvula zokuqala. Wayengajabulisa kanjani lezi zilwane? Yile nkathi-ke lapho sekufika umcabango ohlakaniphile.

"Ikhonsathi!" kumemeza uMama Ndlovu. "Yebo, sizosingatha ikhonsathi laseKalahari!" Isimo somoya saguquka ngokushesha. Zonke izilwane zakohlwa yindaba yokushisa nokoma. Zazimatasa kakhulu zihlela ezizokwenza ngekhonsathi.

"Izimpala zisolungisa umdlalo weshashalazi," kwasho u-Itseng. "Uzobe umayelana nomndeni – mayelana nokuthi kumnandi kangakanani ukuba nabazala abaningi nobabekazi kanye nomalume!"

"UMoses nami sizokwenza umbukiso wokuzivocavoca," kwasho uGorata. "UMoses angenza imigilingwane emangalisayo ecaca enyuka entanjeni yami aphinde ashibilike ehle futhi." Ezinye izinkawu zazifuna ukwethula amahlaya. Kwaba nokuphikisana ngenkathi zinquma ukuthi ngubani owayengusomahlaya ozedlu zonke.

UMama Ndlovu wezwakala ngezwi lakhe elinjengecilongo elalingaphezu komsindo wezinkawu, "Mina nodadewethu sizodlala umculo ngemiboko yethu. Wena-ke, Rosie? Uzokwenzani ekhonsathini lethu laseKalahari?"

Eseduze kwesihlahla esinameva, uRosie wazizwa enamahloni. Kwakukhona into eyodwa kuphela ayefuna ukuyenza, into eyodwa kuphela ayephupha ngayo.

"Ibhaleyi," ephendula ngeliphansi. "Umdanso webhaleyi!"

"Ibhaleyi?" bebabaza bonke.

Izinkawu zahleka zagingqika phansi, zibambe izisu zazo, imisila yazo emide itshikiza iya le nale. "Ibhaleyi? Angathi engumthwalo wesidudla esingaka afune ukuba wumdansi webhaleyi! Lokho phela kuzoba yihlaya elikhulu ukuwedlu wonke ngalobo busuku!" kwasho inkawu eyedelela kunazo zonke.

Kodwa uMama Ndlovu akazange azigqize qakala. "Hambani lapha, nonke," kwasho yena. "Nonke kumele nihambe niyozilungiselela. Ikhonsathi lethu lizoqala ngokushona kwelanga."

URosie wahamba waya endaweni yakhe eyimfihlo ngemuva kwamadwala egranyithi. Wayazi ukuthi ngalobo busuku wayezobamangaza bonke. Wayezoshaya unyawo lwebhaleyi olubizwa ngokuthi yi-jeté. Kodwa-ke i-jeté yayinzima!

Kwakudingeka ukuba agijime indawo emfushane nje bese egxumela phezulu

emoyeni, aye phezulu ngangokusemandleni. Kwakufanele agxume sengathi umzimba wakhe wawulula njengophaphe. Emva kwalokho kwakumele athi cababa phansi ngezinyawo zakhe zangaphambili, ngokucophelela nangobumnene.

Intambama yonke, uRosie wayezilungiselela. Ngenkathi amadwala esephenduka eba bomvu enziwa yilanga elishonayo, wayesazi ukuthi i-jeté yayilungile. Yebo, izilwane zazizomangala! Zazingeke ziphinde zimhlele futhi!

Lapho kuphuma izinkanyezi zokuqala, izilwane zahlangana ethafeni.

UNeconsi Mfene wayephethu uhlelo ngoba izwi lakhe yilona elalikhulu kunawo onke. "Manene namanenekazi, nasi isethulo sokuqala embukisweni wethu: UMama kanye noSisi Ndlovu bazodlala ingoma yekwayito ngemiboko yabo."

Izethameli eziyizlwane zashaya ihlombe zahlokoma. Emva kwalokho zathula ngesikhathi izelamani zezindlovu ziqla umculo wazo onamandla. Akubanga yisikhathi eside, zonke izilwane zase zidansela umculo kwathi lapho ingoma iphela, kwaba khona elinye ihlombe nenhlokomo okukhulu.

"Kuzolandela, amahlaya ezinkawu," kubhavumula uNeconsi Mfene.


Amanye amahlaya ezinkawu ayeylekisa, amanye awo ayengahlekisa. Futhi amanye awo ayeyindidane nje. Noma kunjalo, izilwane zashaya ihlombe zahlokoma izinkawu.

Izilwane zazizizwa sezingcono manje. Zase zikhohliwe ngokuzwela ukushisa nokoma. Zase zilindele uRosie ukuthi enze ibhaleyi yakhe. Lokho ngempela kwakuzoba yinsini eyayingakaze ibonakale!

Ekugcineni, ngemuva komdlalo weshashalazi womndeni kaMpala kanye nomdlalo wokuzivocavoca kaGorata noMoses, uNeconsi Mfene wamemeza wathi, "Manje, umbukiso wokugcina wekhonsathi laseKalahari – umdansi wethu webhaleyi, uRosie Bhejane."

URosie wakhuphukela eshashalazini. Wayenamathisele izimbali zasendle ngemuva kwamadlebe. Wayegqoke into enombala ophinki, into eyayifana nesiketi, eboshwe yazungeza isisu sakhe esikhulu.

"Hamba, Rosie, hamba!" kumemeza izethameli. Izinkawu zazihleka zize zagingqike phansi futhi. URosie wayengenandaba – iphupo lakhe lalifezeku. Ukuze alungiselele i-jeté yakhe, wathi ukugijijima wayesegxumela emoyeni phezulu ngangokusemandleni. Okwesikhashana wazizwa sengathi useyandiza, ulula njengophaphe. Emva kwalokho wabuya phansi, hhayi ngobunono nangobumnene, kodwa ngomfutho omkhulu, wathi DIKL sengathi uyasakazeka! Inhlabathi yanyakaza sengathi kuzamazama umhlaba.



Bonke bama ukhleka.

Buthule, zonke izilwane zabuka indawo lapho uRosie ayekade ewele khona. Kwakukhona umgodi omkhulu phansi emhlabathini. Kwathi ngemuva kwalokho ... emva kwalokho nje, kwenzeka isimanga esikhulu ngempela, into enhle neyethusa ngokwedulele. Emgodini kwaqhuma ngomfutho isiphethu samanzi – ahlanzekile, ahloholzayo, namasha aphuma ngaphansi komhlaba!

Izilwane zaphuthuma zaya phambili, zizwa ukuphola ezikhunjieni zazo, ziphuza imithamokazi yamanzi.

"Siyabonga, Rosie!" zimemeza ngemilomo egcwele amanzi. "Ungomuhle kakhulu, oyisimanga ngokwedulele, nomangalisayo umdansi webhaleyi owake waba khona!"

Futhi asikho nasinye kuzo esake sacabanga ngisho ukhleka!



Drive your  
imagination


# Nal'ibali fun



## Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



1.



Unscramble the letters to find the names of five characters from the story, *Kalahari concert*. Can you remember what kind of animal each is? Write it down.

Hlela kahle izinhlamvu ukuze uthole amagama abalingiswa abahlanu abatholakala endaben, *Ikhonsathi laseKalahari*. Ungakwazi ukukhumbula ukuthi uyinhloboni yesilwane umlingiswa ngamunye? Kubhale phansi.

ESMSO \_\_\_\_\_

ARTAOG \_\_\_\_\_

EIROS \_\_\_\_\_

SKIGO \_\_\_\_\_

NGETIS \_\_\_\_\_

2.

### Play this word game!

1. Write down a word that is six to ten letters long.

\_\_\_\_\_

2. Use only the letters from your word in (1) to write down two words that have five letters each.

\_\_\_\_\_

3. Use only the letters from your word in (1) to write down two words that have four letters each.

\_\_\_\_\_

4. Use only the letters from your word in (1) to write down three words that have three letters each.

\_\_\_\_\_

5. How many of the words you wrote down can you use in one sentence? (You can include other words too.)

\_\_\_\_\_

\_\_\_\_\_

\_\_\_\_\_



### Dlala lo mdlalo wamagama!

1. Bhala phansi igama elinezinhlamvu eziyisithupha kuya kweziyishumi ubude.

2. Sebenzisa izinhlamvu eziphuma egameni eliku-(l) kuphela ukubhala phansi amagama amabili anezinhlamvu ezinhlanu igama ngalinye.

3. Sebenzisa izinhlamvu eziphuma egameni eliku-(l) kuphela ukubhala phansi amagama amabili anezinhlamvu ezine igama ngalinye.

4. Sebenzisa izinhlamvu eziphuma egameni eliku-(l) kuphela ukubhala phansi amagama amathathu anezinhlamvu ezintathu igama ngalinye.

5. Mangaki emagameni owabhale phansi ongawasebenzisa emshweni owodwa? (Ungafaka namanye amagama futhi.)

**Zimpendulo:** 1. Moses (mokwayu), Gorata (indulamithi), Rose (ubheleane), Kgosi (umgankla), Iseng (imphala)

**Answers:** 1. Moses (monkey), Gorata (giraffe), Rose (rhino), Kgosi (kudu), Iseng (impala)



Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us by calling our call centre on **02 11 80 40 80**, or in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukhuthaza nokukusekela. Thintana nathi ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi **02 11 80 40 80**, noma enye yalezi zindlela:

[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

[nalibaliSA](#)

[@nalibaliSA](#)

[@nalibaliSA](#)

[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org)

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Dumisani Sibya. Nal'ibali character illustrations by Rico.

**JABAVU**

**RECORD**

**EYETHU**

**Bonus**

**LETSWE**  
THE VOICE OF MATLORANA

**RIDGE TIMES**



Drive your  
imagination

